



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EJOZINI MHLAKA 06 DECEMBER 2007**

Ngibanibingelela nonke

- Ukuhlanguka kwalolu hlobo, kuba ngeminye yemizuzu ebuhlungu kakhulu kuthina njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal.
- Inselelo esibhekene nayo ngukuthi phezu kokuzibophezela kwethu ngokuqinisekisa ukuphepha kwabantu bakithi, sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.
- Nokho-ke, akufani nobhubhane lwengculazi lapha, ngikholwa ngukuthi sinalo ikhambi lalokhu. Indaba enkulu nje ngukuthi sizimisele yini ukugwema lezi zingozi eziqhubekayo nokusibhuqabhuqa.

- Siyazi sonke ukuthi ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiyi ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.
- Yingakho sithe kulesi sikhathi samaholide isiqqubulo sethu sithi “Yenza okufanele, Just do Right”. Lesiqqubulo sethu sihambisana nenkolelo yethu yokuthi okusempeleni izingozi zibangelwa yiphutha lomuntu futhi zisuke zingagwemeka.
- Ngihlale ngikhathazwa kakhulu yimithetho yethu ebonakala ithambe kakhulu. Ngikhathazwa kakhulu ngukuthi umuntu angaphuza kanjani utshwala bugcwale isisu bese engena emotweni abulale abantu abangenacala kodwa abekwe icala lokubulala ngokungenhloso. Uma ushayela udakiwe e-Australia kuthiwa uyisilima nje awubhadlile ekhanda.
- Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Ngakho-ke, ngikholwa ngukuthi akekho umuntu onomqondo osebenza kahle ongawusola uMnyango uma siqinisa izinhlaka zethu zokugcinwa komthetho ukuze sivikele abantu ababulawa yizingozi ezingagwemeka uma abantu benza okufanele.
- Ngifuna ukuxwayisa abashayeli nabanikazi bezithuthi, ikakhulukazi imboni yamabhasi namatekisi ukuthi baqikelele ukuphepha kwabagibeli babo. Kumele nazi ukuthi ingozi yebhasi noma itekisi elilodwa ingakhipha imiphefumulo eminingi kulimale nabantu abaningi. Ungathi awuxwayiswanga – asinawo nhlobo umusa kulabo abaphula umthetho.
- Wonke amaphoyisa azobe esemsebenzini ngalesi sikhathi ukuze siqinisekise ukuthi siqinisa umthetho ngendlela efanele. Kuzosebenza umgomo wokuthi AKEKHO OTHATHA IKHEFU kusuka mhlaka 1 December 2007 kuze kube umhlaka 14 January 2008.
- Kuyiqiniso ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uyaqhubeka nokuletha amaqhinga amasha emizamweni yawo yokwehlisa izingozi zomgwaqo nokunqanda abagijima ngokweqile emgwaqeni. Sesethule uhlelo olusha lokubheka abaphula umgomo wejubane lemoto.
- Sesizokuba namakhamera azokwazi ukubona ijubane lemoto ebangeni elingu-8,5 km ngaphambili nangemuva kokudlula kwikhamera. Inombolo nesithombe semoto kuzoqoshwa bese kudluliselwa ngobuchwepheshe bekhompyutha ehhovisi lamakhamera elixhumene naleyo ndawo.

- Izinombolo zemoto zizogcinwa futhi ukuze kubhekwe ukuthi ayintshontshiwe yini leyo moto nokuthi ayinawo yini amacala omgwaqo angahlawuliwe.
- Sifisa ukududuza imindeni yalaba abasishiyile:
 - Lindiwe Ncube (30 years) ngengane yakhe ebingakazalwa
 - Cebo Ncube (17 years);
 - Bongekile Mncwango (23 years);
 - Simphiwe Magagula (21 years);
 - Sebenzile Nhlenyama (48 years);
 - Sindisiwe Mtshali (48 years);
 - Thulani Buthelezi (30 years) – umshayeli weveni

“Sengathi imiphfumulo yabo ingalala ngoxolo”

- Sengiphetha, sihlale sisho ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima.
- Nginxusa labo abathintekile engozini ukuba bangavumi ukusayina noma yimaphi amaphepha aqhamuka nabantu abangabazi abathi bazobalungisela izimali ze-Road Accident Fund.
- UMnyango wethu uzonisiza mahhala ukuba nilandele imigudu efanele yokuthola imali. Ngakho-ke xwayani labo asebephenduke ‘amanqe’ asizakala ngokulimala kwabantu.

Ngiyabona.